Isifundo 2

**April 1–7*

Ifa Elingaboliyo

ISabatha Emini

Kuleliviki Funda:
1 Pet. 1:1, 2; Johane 3:16; Ezek. 33:11; 1 Pet. 1:3–21; Lev. 11:44, 45; 1 Pet. 1:22–25.

Indimana Yekhanda:
“Njengoba senizihlambulule ngokulalela iqiniso ukuze nibe nothando oluqotho komunye nomunye, thandanani ngokuphelele, ngokusuka enhliziyweni” (1 Petro 1:22, NIV).

Noma yinini lapho othile efunda iBhayibheli, ikakhulu egxile encwadini eyodwa noma esigabeni esithile sencwadi, kunemibuzo embalwa okumele iphenduleke, uma kunokwenzeka. Okokuqala, kuhle Ukwazi ukuthi yayibhekiswe kobani. Okwesibili, mhlawumbe okusemqoka kakhulu, bekuyoba kuhle Ukwazi okuyisona sizathu sokubhalwa kwayo. Iluphi udaba (uma lukhona) umlobi ayefuna ukuludikida (njangalokhu uPawule ebhalela abaseGalathiya mayelana nezimfundiso zamanga mayelana nosindiso nomthetho) na? njengoba sazi, ingxenye enkulu yeTestamente Elisha yabhalwa njengezincwadi, futhi abantu bavame ukubhala izincwadi ukuze badlulise imiyalezo ethile kulabo abababhalelayo.

Ngamanye amazwi, lapho sifunda Incwadi kaPetro, kuyoba kuhle Ukwazi, kangangokuba sinako, umlando wendikimba yencwadi. Wayethini, futhi kungani na? Futhi nembala, okusemqoka kunako konke: Yimuphi umyalezo thina (esibhalelwe ngaphansi kokuphefumulelwa) esingazithathela wona na?

Futhi nanjengoba sizobona masinyane, ezindimaneni ezimbalwa zokuqala, uPetro uneqiniso eliningi asambulela lona namuhla, sekuphele iminyaka eminingi abhala.

**Funda isifundo saleliviki ulungiselele iSabatha lika-April 8.*

Kwabadingisiweyo

Uma ubunganikezwa iphepha eliqala ngo, “Mnumzane othandekayo,” ubuzobona ukuthi ufunda Incwadi. Futhi ubuzohlawumbisela ukuthi lencwadi iphuma kothile ongekho eduzane. Njengalokhu izincwadi zesimanje zinesingeniso esithile, kunjalo nakwezamandulo. Incwadi yokuqala kaPetro iqala njengazo ezamandulo. Iveza umbhali kanye nalabo ababhalelwayo.

Funda u-1 Petro 1:1. Yini esingayifunda kulendimana eyodwa okusinikeza ingqikithi na?

UPetro uziveza ngokusobala. Igama lakhe ngelokuqala encwadini. Kepha, ngokushesha aziveze njengo “mpostoli kaJesu Kristu.” Ngalokho, Njengalokhu uPawule ayevame ukukwenza (Gal. 1:1, Rom. 1:1, Eph. 1:1), zisuka nje uPetro wethula “iziqu” zakhe, egcizelela ubizo lwakhe olungcwele. Wayengu “mpostoli,” okungukuthi “lowo othunyiweyo,” futhi Lowo owayemthumile kwakuyiNkosi uJesu Kristu. UPetro uveza nesifunda lapho Incwadi yakhe ibheke khona: Pontus, Galathiya, Cappadocia, Asia, kanye nase-Bithynia. Zonke lezi yizifunda ezise-Asia Minor, namuhla okuyingxenye ye-Turkey yanamuhla entshonalanga ne-Bosphorus. Kunengxoxo mpikiswano mayelana nokuthi ngabe uPetro wayebhalela ikakhulu amaJuda noma amakholwa abeZizwe. Amatemu asetshenziswa nguPetro ku-1 Petro 1:1 “izihambi/abadingisiwe,” “abasabalele,” [NRSV] ngamatemu avame ukubhekiswa kumaJuda ahlala ngaphandle Kwezwe eliNgcwele kwi-first century. Amagama athi abakhethiweyo futhi nabangcwalisiweyo ku-1 Petro 1:2 afanele amaJuda kanye namaKristu ngokufanayo. Echaza labo abangaphandle komphakathi njenga “beZizwe” (1 Pet. 2:12, 4:3) kuphawula ubuJuda balabo ababhalelwa nguPetro. Abanye abaphawuli bathi, ngokuphendula, lokho uPetro akusho ku-1 Petro 1:18 no 4:3 bekungafaneleka kakhulu uma ekusho kwabeZizwe abaguqukele kubuKristu kunokuba akusho kumaJuda angamaKristu. Nembala, ngabe uPetro wayengabhalela amaJuda “ngezindlela eziyize enazikezwa ngoyihlo” (NRSV) na? Noma wayengathi kubafundi abangamaJuda, “Ngokuba sichithe isikhathi esedlule senza intando yabeZizwe—lapho sihamba emanyaleni, ezinkanukweni, ngokudakwa, ngokuminza, ngokuxokozela, kanye nangokukhonza izithombe okuyichilo” (1 Pet. 4:3, NKJV) na? Okubucayi kakhulu kithi, nokho, akukona ukuthi kwakubhalelwa obani, kepha, ngukuthi umyalezo Uthini.

Abakhethiweyo

Funda u-1 Petro 1:2. Yikuphi okunye esitshelwa kona mayelana nalabo ayebabhalela uPetro na? Ubabiza ngani na?

Noma ngabe ubhalela amakholwa angamaJuda noma angabeZizwe, uPetro wayeqinisekile ngokukodwa: “babekhethiwe ngokwaziphambili kukaNkulunkulu uYise” (1 Pet. 1:2). Lapha, nokho, kumele siqaphele. Lokhu akuchazi ukuthi uNkulunkulu kunabathile ababekele ukuba basindiswe nabanye ukuba balahlwe, futhi ngokwenhlanhla enhle, labo uPetro ababhalelayo babekhethwe nguNkulunkulu ukuba basindiswe, ngenkathi abanye uNkulunkulu ayebakhethele ukuba balahlwe. Akukona lokho okufundiswa yiBhayibheli.

Funda u-1 Timothewu 2:4, 2 Petro 3:9, Johane 3:16, Ezekiel 33:11. Lezizindimana zisisiza kanjani ukuba siqonde ukuthi uPetro wayechazani lapho ebiza lababantu “ngabakhethiweyo” na?

Izibhalo zikuveza obala ukuthi kwakuyicebo likaNkulunkulu ukuthi wonke umuntu asindiswe, icebo elasekelelwa bona ngaphambi kokuba umhlaba udalwe: “Njengalokhu asikhetha Kuye ngaphambi kokusekelwa komhlaba” (Efes. 1:4, NKJV). “Bonke” “bakhethiwe” ngokuthi inhloso kaNkulunkulu yokuqala kwakungeyokuthi sonke sisindiswe futhi kungalahlwa namunye. Wabekela sonke isintu Ukuphila kwaphakade. Lokhu kuchaza ukuthi icebo losindiso lalanele wonke umuntu ukuba abeyingxenye yokubuyisana nakuba kungebona bonke abazokwamukela lokhu kubuyisana abanikezwa kona. Ukwaziphambili kukaNkulunkulu kwalabo abakhethiwe kungukwazi ngaphambili ukuthi bazozikhethela kanjani mayelana nosindiso. Lolulwazingaphambili aluphoqi ukukhetha kwabo njengalokho nomama azi ngaphambili ukuthi ingane izokhetha ikhekhe likashokoledi kunemifino kungasho ukuthi Ukwazi kwakhe kuphoqe ingane ukuba ikhethe kanjalo.

Yisiphi isiqiniseko ongasithola kwiqiniso elikhuthazayo lokuthi uNkulunkulu ukukhethele ukuba usindiswe na?

Izindikimba Ezisemqoka

Funda u-1 Petro 1:3-12. Sithini isigijimi esiphambili sikaPetro kulezizindimana na?

Ekubingeleleni kwakhe abafundi ku-1 Petro 1:1, 2, uPetro usebashilo uBaba, iNdodana, kanye noMoya oNgcwele (1 Pet. 1:2). Amalungu amathathu obuNkulunkulu enza Isihloko senkulumo ka-1 Petro 1:3-12. Ubaba kanye neNdodana bayisihloko sika-1 Petro 1:3-9, futhi uMoya oNgcwele ugqame ku-1 Petro 1:10-12. Njengalokhu ebhala ngoBaba neNdodana kanye nangomsebenzi kaMoya oNgcwele, uPetro wethula izindikimba eziningi azobuyela kuzo. AmaKrsitu, kuqala uPetro (1 Pet. 1:3; bheka noJohane 3:7), azelwe kabusha. Yonke impilo yawo iguquliwe ngokuvuka kukaJesu kanye nefa elingavamile elilinde amaKristu Ezulwini (1 Pet. 1:3, 4). Lapha, njengakwezinye izindawo eziningi KwiTestamente Elisha, ukuvuka kukaJesu kungumongo wethemba lobuKristu.

Lelothemba linikeza amaKristu isizathu sokuthokoza, nakuba iningi lalabo abafunda u-1 Petro behlupheka. Lokhu kuhlupheka kuvivinya futhi kucolisisa ukholo lwabo, njangelokhu umlilo uvivinya futhi ucolisisa igolide. Nakuba abafundi bakaPetro bengambonanga uJesu elapha emhlabeni, bayamthanda futhi bayakholwa Kuye. Futhi umphumela wokukholwa kwabo Kuye wusindiso kanye nesithembiso “sefa elingapheliyo nelingenasisihla, nelingabuniyo, enigcinelwe lona Ezulwini” (1 Pet. 1:4, NKJV).

UPetro uphinde abazise ukuthi abaprofethi basemandulo babeprofethe “ngomusa ozofika kini” (1 Pet. 1:10). Abaprofethi beTestamente Elidala “babuza futhi bahlola” (1 Pet. 1:10, NKJV) mayelana nosindiso lababantu abasebenamava ngalo manje kuJesu. Njengoba beshushiswa ngenxa yokholo lwabo, uPetro uphawula ukuthi bayingxenye yempi ebanzi ephakathi kokulunga kanye nobubi. Ekugcineni, ufuna ukubasiza ukuba bahlale bethembekile eqinisweni, nakuba behlupheka.

U-1 Petro 1:4 uthi kunefa “enibekelwe lona Ezulwini.” Zindla ngalokhu; kunendawo ethile obekelwe yona Ezulwini. Kumele ke uphendule kanjani kulesisithembiso esimangalisayo na?

Ukuphila Impilo YoSindiso

Funda u-1 Petro 1:13-21. Ngokwalesisahluko, yini okumele iqhube ukuziphatha komKristu na?

Igama elithi ngakhoke, elivula u-1 Peter 1:13, NKJV, liveza ukuthi azokusho uPetro kuphuma kulokho asanda kukusho. Njangalokhu sibonile esifundweni sayizolo, uPetro ubesanda kukhuluma ngomusa kaNkulunkulu kanye nethemba amaKristu analo kuJesu Kristu. (1 Pet. 1:3-12). Ngenxa yomphumela walomusa kanye nethemba, uPetro ugqugquzela abafundi bencwadi yakhe ukuba "bophani izinkalo zengqondo yenu" (1 Pet. 1:13). Okungukuthi, ngokwamukela usindiso abanalo kuJesu, kumele balungise izingqondo zabo ukuze bame baqine futhi bathembeke (1 Pet. 1:13).

Funda u-1 Petro 1:13. Kusho ukuthi ukubeka ithemba lakho ngokuphelele phezu komusa owembulwe kuJesu na?

Ngokungabuzi, uPetro uyabatshela ukuba ithemba labo likuJesu kuphela. Kodwa ube esegcizelela ukuthi kunendlela yokuziphatha elindelekile kumaKristu ngenxa yosindiso lwawo. Uphawula izinto Ezintathu eziyizikhuthazi zokuziphatha komKristu: isimilo sikaNkulunkulu (1 Pet. 1:15, 16), ukwahlulela okuzayo (1 Pet. 1:17), kanye nenani lokuhlengwa (1 Pet. 1:17-21). Into yokuqala engakhuthaza ukuziphatha kobuKristu yisimilo sikaNkulunkulu. Lesisimilo singabekwa kafushane kanje: uNkulunkulu ungcwele. UPetro ucaphuna kuLevitikusi 11:44, 45 uma ethi "Yibani ngcwele; ngokuba Ngingcwele" (1 Pet. 1:16). Ngakhoke labo abalandela uJesu kumele babengcwele. (1 Pet. 1:15-17). Okwesibili okukhuthaza ukuziphatha kobuKristu kutholakala ekuboneni ukuthi uNkulunkulu, ongcwele, uzakwehlulela bonke ngokungakhethi, ngalokho ngamunye akwenzile (1 Pet. 1:17). Okwesithathu okukhuthazayo kuqubuka eqinisweni elikhulu lokuthi amaKristu ahlengiwe. Lokhu kusho ukuthi athengiwe ngentengo, intengo enkulu kakhulu: igazi eliyigugu likaKristu (1 Pet. 1:19). UPetro ugcizelela ukuthi ukufa kukaJesu kwakungeyo ingozi yomlando kepha into eyayisekwe ungakasekwa umhlaba (1 Pet. 1:20).

Yini ekukhuthaza ukuba ubengumKristu na? Ubungaphendula Uthini, futhi kungani, uma othile ekubuza ukuthi, Kungani ungumKrsitu na? Woza nempendulo yakho eklasini ngeSabatha.

Thandanani

Okulandelayo, uPetro uphendula amaKristu awabhekise kulokho okukhombisa kakhulu Ukuphila impilo Engcwele nethembekile.

Funda u-1 Petro 1:22-25. Yiliphi iphuzu elibucayi alenzayo lapha mayelana nokuthi kusho ukuthini ukuba ngumKristu na?

Indlela uPetro aqala ngayo ngeyokuthi amaKristu asehlanziwe ("Ngokubona ukuthi senihlanziwe . . ."), futhi niphila ngokulalela iqiniso (1 Pet. 1:22). Isenzo "colisisa" noma "hlanza" sihlobene kakhulu namagama ngcwele kanye nobungcwele, asibuyisela emuva kulokho uPetro akubhale ezindimaneni ezingenhla (1 Pet.1:15). Ngokuzinikela kwabo kuJesu, kanye nangokubhabhathizwa (qhathanisa no-1 Pet. 3:21, 22), amaKristu azihlanzile ngokuzibekela uNkulunkulu, futhi bakwenza lokhu ngokulalela iqiniso. Lenguquko ezimpilweni zawo inomphumela olindelekile wokuthi manje bazithola benobudlelwane obusondelene komunye nomunye ababelana ngombono ofanayo. Lobubudlelwane busondelene kangangokuba uPetro usebenzisa ulimi lomndeni ukubuchaza. AmaKrsitu kumele atshengise uthando lokuzalana. Igama lesiGriki elisetshenziswe ku-1 Petro 1:22, lapho ekhuluma "ngothando lwabazalwane," Philadelphia, lisho ngokuqondile "uthando lomfowabo/nodadewabo." Wuthando lwamalungu omndeni. Kunamagama amaningana ehlukene esiGrikini ahumushwa ngo "thando": philia (Ubungani), eros (uthando phakathi kwendoda nomkayo), agape (uthando olumsulwa olufisela okuhle kwabanye). Igama elisetshenziswa nguPetro uma ebhala "thandanani ngokungazenzisi" (1 Pet. 1:22, NKJV) lixhumana no-agape—ochaza uthando olumsulwa olufunela abanye okuhle. Ngokuqinisekile yingakho ethayisela ngomusho othi "ngenhliziyo emsulwa" (1 Pet. 1:22, NKJV), inhlizo evela "ekuzalweni kabusha" (1 Pet. 1:23; bheka futhi u-1 Pet. 1:3) ngeZwi likaNkulunkulu elingenasisihla. Loluhlobo lothando luvela kuNkulunkulu kuphela; aluyona into eqhamuka enhliziyweni enobugovu, nomina, okuyisona sizathu uPetro egcizelela ekuhlanzweni kanye nase kulaleleni iqiniso" (1 Pet. 1:22). Iqiniso akuyona nje into ekholelwayo; kumele liphilwe.

Singafunda kanjani ukuba ngabathandayo na? Yikhuphi ukukhetha okumele sikwenze ukuze sikwazi ukuveza loluhlobo lothando oluvela "enhliziyweni emsulwa" na?

Cabanga Kabanzi:

Read Ellen G. White, “Perfect Obedience Through Christ,” pp. 374, 375 in *Selected Messages*, book 1. See also Ellen G. White, “Christ the Way of Life,” pp. 365–368, and “Perfect Obedience Through Christ,” pp. 373–376 in *Selected Messages*, book 1. Kuyamangalisa ukunotha kanye nokudepha kwalesisahluko sokuqala sikaPetro kanye nendima esiyiqukethe. UPetro uqala Incwadi yakhe ngokuzindla ngobuNkulunkulu, eletha uBaba, iNdodana, kanye noMoya oNgcwele. Ubaba uhlinzeke ngoMsindisi kwiNdodana Yakhe, uJesu Kristu, futhi siqokwe Kuye ukuba singcwaliswe futhi silalele. Sifinyelela ekuthandeni uJesu, futhi Kuye siyathokoza ngentokozo enkulu ngoba, ngokufa nokuvuka Kwakhe, sinesithembiso “sefa elingenasisihla” Ezulwini. Nasekuhluphekeni, nokho, singathokoza kakhulu ensindisweni esiyinikezwa kuKristu. “Izincwadi zakhe [uPetro] zaziyindlela yokuvuselela isibindi kanye nokuqinisa inkolo yalabo ababedlula ekuhluphekeni nasekushushisweni, kanye nokuvuselela emisebenzini emihle labo ngokubhekana nezilingo eziningi ababesengozini yokwehlukana noNkulunkulu.”—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, p. 517. Kusenjalo, uMoya oNgcwele wasebenza ngabaprofethi ukwembula izinsuku uPetro nabafundi bezincwadi zakhe ababephila kuzo. Ngenxa yilokho, amaKristu kumele aphile izimpilo ezingcwele, ezigcwaliswe ngukulalela iqiniso, emiphakathini enothando oluphuma “enhliziyweni emsulwa.”

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Eklasini, buyekezani izimpendulo zenu kumbuzo wangoLwesithathi: Yini esikhuthaza ukuba sibe ngamaKrsitu na? Yini efanayo ezimpendulweni zenu na? Izimpendulo zenu zehluka kuphi na?

2. Kabili kwisahluko sokuqala (1 Pet. 1:3, 21), uPetro ukhuluma ngokuvuka kukaJesu. Yini le emayelana Novuko esemqoka enkolweni yethu na?

3. UPetro ukhuluma “ngefa elingenasisihla” (buka futhi uDan. 7:18). Kusho ukuthi lokho na? Cabanga ngazo zonke izinto kulomhlaba kanye nempilo ezibunayo noma ezingashabalala ngokuphazima. Lokhu kumele kusitsheleni ngokumangalisa kwesithembiso salelifa lethu na?

4. Singafunda kanjani ukukhula okholweni phakathi kwezinhlupheko na? Okungukuthi, yikuphi ukukhetha esingakwenza okungasisiza sifunde ezintweni ezisihluphayo na?

Notes